Imibuzo Evame Ukubuzwa

- **NGIYOYIKHOKHELA MALINI I-LAPTOP YAMI NGENYANGA NOMA NGOKUPHELELE?**
  Thumela nge-SMS igama elithi "laptop" kanye ne-email kule nombolo ethi 32150 ukuze uthunyelelwe uhlu lwamanani nge-email, noma vakashela ihhovisi lakwa-Eduloan esikhungweni semfundo okuso ukuze uthole uhlu lwamanani.

- **UMA NGIYITHOLA LEMALI EBOLEKISAYO, NGIYOYIKHOKHA ISIKHATHI ESINGAKANANI?**
  Izinyanga ezingu-36.

- **INGABE KUDINGEKA NGIBE UMFUNDI UKUZE NGIFANELEKELE I-LAPTOP?**
  - Abafundi abathenga ngokheshe – Cha
  - Uma imali ebolekiwe izodonswa ebhange – Cha
  - Uma imali ebolekiwe izodonswa emholweni wakho – Cha
  - Uma imali ibolekwa ngendlela ye-Persal/Persol – Yebo

- **LINAZIPHI IZINHLELO LELI LUNGISELELO?**
  Le-laptop iza isifakwe uhlelo lwabafundi lwakwa-Microsoft Windows 7 kanye ne-Office 2007.

- **NGINGAYILANDA KUPHI I-LAPTOP YAMI NGEMVA KOKUYI-ODA?**
  I-laptop iyodilivwa ngokuvumelana neziqondiso ozinikeze lapho ufaka isicelo.

- **KUYOTHATHA ISIKHATHI ESINGAKANANI UKUTHOLA I-LAPTOP YAMI?**
  Izinsuku ezingu-7 kuya kwezingu-14 ukusuka kugunyazwe imali.

- **YINI OKUMELWE NGIYENZE UKUZE NGIFAKE ISICELO SE-LAPTOP?**
  Vele ushayele ucingo isikhungo samakhasimende sakwa-Eduloan kule nombolo ethi 0860 55 55 44 noma uthumele nge-SMS igama elithi "laptop" ne-email yakho kule nombolo ethi 32150.

- **NGINGAYIBOLEKA KWA-EDULOAN IMALI YOKUTHENGA I-LAPTOP BESE NGIYITHENGA KWENYE INDAWO?**
  Ngeshwa akunjalo.

- **KWENZEKANI LAPHO I-LAPTOP YAMI YEBIWA NOMA ILIMALA?**
  Leli lungiselelo alinawo umshuwalense kodwa uma kungenzeka yebiwe noma ilimale ngesikhathi usakhokha imali oyibolekile, abakwa-Eduloan bayokusiza mahhala njengengxenye yokukusiza ngemva kokuthenga.

INGABE UFUNA I-LAPTOP? YITHOLE KITHINA

Kunezindlela ezintathu zokufaka isicelo:

- Thumela nge-SMS igama elithi "laptop" kanye ne-email yakho kule nombolo ethi 32150
- Shayela ucingo kule nombolo ethi 0860 55 55 44
- Gcwalisa ifomu lesicelo emahhovisi akwa-Eduloan asesikhungweni semfundo okuso

Abakwa-Edu-Loan (Pty) Ltd bangababolekisi bezimali abasemthethweni
(NCRCP158) Co. Reg. 1996/003961/07

eduloan
unlocking potential

Njengomfundi, kubaluleke kakhulu ukuba ube nek-hompyutha ubusuku nemini futhi akekho owazi lokho ngaphezu kwethu lapha kwa-Eduloan.

Ukuma emigqeni emide ezingosini zamakhompyutha kanye nokuba nesikhathi esilinganiselwe sokuqeda umsebenzi wakho wesikole obalulekile kungaba isiphazamiso esikhulu. Kungakho abakwa-Eduloan, abaxhasi bemfundo ngokwezimali abathandwayo, bekunikeza ithuba lokuxhaswa ngokwezimali ukuze uthenge i-laptop, ngisho noma ungaboleki imali.

Khetha Uhlobo Olungcono Kakhulu

Lapho ukhetha i-laptop, uyoba nethuba lokukhetha phakathi kwezinhlobo ezihamba phambili njenge-HP, i-Lenovo, i-Dell kanye nezinye eziningi.

I-Internet Esheshayo

Uma ukhetha ukuthi ube nekhadi le-3G kuyokwenza ukuthi uthole i-internet engumasheshisa. Nyanga zonke uyothola isixha sokwaziswa okusho ukuthi ukucwaninga kanye nokungena kuyi-internet ungakwenza nganoma yisiphi isikhathi esivumelana nawe.

Nansi indlela engunggaphambili yokuhlala utholakala.

FAKA ISICELO SOKUBOLEKA IMALI YOKUTHENGA I-LAPTOP NAMUHLA UKUZE UHLOMULE KULE MITITILIZO

Sikwenza konke, ukusuka ekukufakeleni ikhadi le-3G kuya ekukunakekeleni ngemva kokuthenga ikhompyutha yakho kanye nesiqinisekiso seminyaka emithathu sokunakekela ikhompyutha yakho. Ngaphezu kwalokho, ikhompyutha yakho iza seyifakwe uhlelo lwabafundi lwe-Microsoft Windows 7.

Ukwaziswa kwamuva

Kule lizwe lezobuchwepheshe eziguquguqukayo, kungcono kakhulu ukuhambisana nezikhathi futhi kungakho ikhompyutha yakho iza seyifakwe uhlelo lwekhompyutha okuthiwa iMicrosoft Windows 7 Student, okuwuhlelo olusha sha lwakaMicrosoft olungumasheshisa.

Isiqinisekiso Sokuyinakekela Iminyaka Emithathu

Ukuwohloka kwekhompyutha yakho ngeke kube inkinga ngoba iza nesiqinisekiso sokuyinakekela iminyaka emithathu. Ngakho, uma ingase ilimale ngokungalindelekile, mane uyiyise esikhungweni sokulungisa amakhompyutha esiseduze futhi iyolungiswa esikhathini esingamahora angu-72.

Ingabe ukhona umshuwalense?
Leli lungiselelo alinawo umshuwalense, kodwa uma kwenzeka uba nalezi zinkinga ezilandelayo ngesikhathi usakhokha imali oyibolekile, abakwa-Eduloan bayokusiza mahhala njengelungiselelo lethu lokukusiza ngemva kokuthenga:

1. UKWEBIWA: Uma i-laptop yebiwe, bika emaphoyiseni. Shayela isikhungo sethu samakhasimende lapho usunombiko wamaphoyisa. Kuya ngophenyo, ungase uthole enye i-laptop.

2. UKULIMALA: Uma i-laptop yakho ilimala, shayela ucingo isikhungo samakhasimende ukuze uthole ukuthi ungayiyisa kuphi. Esisebenzisana nabo bakwaPinteq bayoyilungisa noma bakunikeze enye, uma ihlangabezana nemibandela ethile.

Izinto ezidingekayo

Sicela ufake lezi zinto ezilandelayo esicelweni sakho:

- Incwadi yomholo yamuva nje noma ikhophi yayo eqinise kisiwe
- Ikhophi eqinisekisiwe kamazisi waseNingizimu Afrika
- Isitatimende sasebhange sakamuva (noma isitatimende sasebhange sezinyanga ezintathu somuntu siqu noma sebhizinisi uma unebhizinisi) ukuze kube nobufakazi bokuthi une akhawunti nokuthi uqashwe ngokugcwele